

**MATHEMATICS**  
**Grade 1-3**  
**English/isiZulu**  
**DICTIONARY**



# Introduction

In almost every South African classroom you will find speakers of a number of different languages. Because of this, you may need to teach in a slightly different way to include all learners. Firstly, acknowledge that your learners may speak a number of different languages, and find out more about the home languages of each learner. Then, use the bilingual dictionary to help you as you teach mathematics.

This bilingual dictionary includes the daily list of **lesson vocabulary** that is included in the lesson plans and the teacher's notes. In the dictionary you will find explanations and diagrams for the lesson vocabulary. It is structured in alphabetical order according to the English terms.



**Lesson vocabulary** is the important mathematical vocabulary that is used in the lesson. Please go through the lesson vocabulary as part of your lesson preparation. These terms are important as they are the language of mathematics that each learner needs to learn and understand, in order to build a solid foundation and understanding of this subject. It is important to explain these words to your learners, and to encourage learners to use them as well.

You should also use more than one language to explain the words if necessary – the dictionary will help you to do this. Many South African mathematics teachers already code-switch to help their learners understand mathematical concepts and terms. This means that they alternate between two or more languages when explaining mathematics. Research has shown that this is a very useful practice that does indeed help learners to understand. Code-switching allows teachers and learners to draw on all of their language skills to learn, rather than to be limited by one language only. This practice is now used internationally, and is also called 'translanguaging'.



If you have learners in your class who are not yet comfortable in the LoLT (Language of Teaching and Learning), try and explain the word in a language they understand. You can also use gestures or pictures to help you explain a concept. Another strategy is to let learners who speak the same language discuss the concept in their home language, and explain to each other.



The revised CAPS Section 4 (Assessment) endorses the use of more than one language to speak mathematically.













Maths word	Explanation/diagram	Isihumusho	Incazelo/umdwabo		
<b>Aa</b>					
above (position)	In a higher place than. E.g. The bird is higher than the dog.		ngaphezulu (indawo)	Kusendaweni ephezulu. Isb. Inyoni iphezulu kakhudlwana kunenja.	
across	Go from one side to another. E.g. You walk across the road. You can draw a line across your page.		ukuwela	Ukusuka ohlangothini oluthile uye kolunye. Isb. Uwela umgwaqo. Uyawudweba umugqa unqamule ikhasi kabili.	
add	To join two or more numbers together to find the total amount. E.g. $3 + 2 + 1 = 6$		hlanganisa/engeza	Ukuhlanganisa ndawonye izinombolo ezimbili noma ngaphezulu ukuze uthole inani lesamba. Isb. $3 + 2 + 1 = 6$	
addend	When two numbers are added to each other they can be called addends. For example, in the number sentence $15 + 7 = 15$ is the first addend and 7 is the second addend.		isihlanganiswa	Lapho izinombolo ezimbili zibekwe ndawonye zingabizwa ngokuthi zihlanganisiwe. Ngokwesibonelo, kumushonombolo $15 + 7 = 15$ inombolo yokuqala okwakhelwa kuyo kanti 7 inombolo yesibili efakwayo.	
add hundreds	To add groups of 100 starting from any given number.		hlanganisa amakhulu	Ukuhlanganisa amaqoqo ama-100 ukusukela kunoma iyiphi inombolo.	
add tens	To add groups of 10 starting from any given number.		hlanganisa amashumi	Ukuhlanganisa amaqoqo ama-10 ukusukela kunoma iyiphi inombolo.	
addition	The operation that involves calculating the sum of two or more numbers. E.g. $4 + 3 + 2 + 5 = 14$		ukuhlanganisa	Uphawu olubandakanya ukubala isibalo sezinombolo ezimbili noma ngaphezulu. Isb. $4 + 3 + 2 + 5 = 14$	
addition doubles	Adding two numbers that are the same. E.g. $5 + 5 = 10$ ; $8 + 8 = 16$ .		ukuhlanganisa okufanayo	Ukuhlanganisa izinombolo ezimbili ezifanayo. Isb. $5 + 5 = 10$ ; $8 + 8 = 16$ .	
addition facts	The basic sums of single digit numbers.		amaqiniso ngokuhlanganisa	Izibalo eziyisisekelo ezisebenzisa izinombolo ezihamba ngayinye.	
after (a number)	The number that comes next. E.g. 5 comes after 4 if you are counting up.		emva (kwenombolo)	Inombolo elandelayo. Isb. Oku-5 kuza ngemva koku-4 uma ubala uya phezulu.	







Maths word	Explanation/diagram	Isihumusho	Incazelo/umdwebho
after (time)	A time/event that comes later than another time. E.g. You go home after the school day is finished.	emva (isikhathi)	Isikhathi/isehlakalo esiza ngemva kwesinye isikhathi. Isb. Uya ekhaya emva kokuba sekuphele usuku lwesikole.
afternoon	The time between noon and evening. Noon is another word for midday and it is when the time is 12 o'clock in the middle of the day.	ntambama	Isikhathi esiphakathi kwasemini nakusihlwa. Emini kusho phakathi nosuku kanti yilapho kushaya khona ihora le-12 ngqo emini bebade.
algorithm	A method of calculation which is shown using numeric and symbolic working. E.g. A horizontal algorithm involves writing the working across the page. A vertical algorithm involves writing things in columns of hundreds, tens and units.	<i>i-algorithm</i>	Yindlela yokubala eboniswa ngokusebenzisa izibalo kanye nezimpawu zokusebenza. Isb. <i>I-algorithm</i> evundlile ihlela ukubhala uvundle nekhasi. <i>I-algorithm</i> eqonde phansi ihlela ukubhala izinto ngohla lwamakhulu, amashumi nangamayunithi.
altogether	Take everything together. E.g. If you have 3 flowers in one hand and 2 flowers in the other hand, you have 5 flowers altogether.	sekukonke	Beka ndawonye konke. Isb. Uma unezimbali ezi-3 esandleni esisodwa nezimbali kwesinye, unezimbali ezi-5 sezizonke.
am/pm	am – times in the morning from midnight until noon; pm – times in the afternoon after 12 o'clock (noon) and up to midnight.	am/pm	u-am – yizikhathi ekuseni kusukela phakathi kwamabili; u-pm – yizikhathi zantambama emva kwehora le-12 (emini) kuze kuyofinyelela phakathi kwamabili.
amongst/between	When you share things between more than two people or groups you say “share amongst”. E.g. I share 40 sweets amongst my class of 40 learners.	phakati	Uma wabela izinto abantu noma amaqembu angaphezu kwamabili uye uthi “waba phakathi”. Isb. Ngihlakunisela ikhosi lami elinabafundi abangama-40 amaswidi angama-40.
amount	“How much” of something. Similar to number. E.g. I have an amount of money but I have a number of eggs in my basket.	isamba	“Kungakanani” okuthile. Kufana nenombolo. Isb. Nginemali eyinani elithile kodwa nginesamba esithile samaqanda kubhasikidi.
analogue clock/ analogue time	A clock with the numbers 1 to 12 around the face and a rotating short hand to show the hours, and long hands to show the minutes and seconds. E.g. The analogue time above is 8 o'clock.	iwashi lezinti	Yiwashi elinezinombolo ezisuka ku-1 kuya e-12 okubonakala ngokuhamba kothi olufushane lukhomba amahora, kanye nolude lukhomba imizuzu nemizuzwana. Isb. Izinti zithi isikhathi ewashini ngenhla yihora lesi-8 ngqo.





















Maths word	Explanation/diagram	Isihumusho	Incazelo/umdwabo																								
analogue scale	A measuring scale that has a face which is marked so that you can read a measurement. E.g. This is a scale used to measure mass in kilograms. 	isikali sezinti	Into yokukala enobuso obunamagabelo nezinombolo okufundwa kuzo isisindo. Isb. Lesi sikali sasivame ukukala ngamakhilogramu. 																								
analyse	To study carefully and think about what something means. In data handling learners have to analyse the data collected – they need to work out what it can tell them.	ukuhlaziya	Ukutadisha ngokucophelela ucabange nokuthi utho oluthile luchaza ukuthini. Uma kufundwa ngemininingwane, abafundi bafundiswa ukucwaninga leyo mininingwane – kudingeka bathole ukuthi imininingwane inani ebalulekile.																								
analyse (data)	To look at something closely to find a pattern or meaning in it.	cwaninga (imininingwane)	Ukubukisisa ukuze kutholakale iphethini noma incazelo yento.																								
apparatus	Things that you use when you do practical work. E.g. The apparatus used when you do a capacity activity could be a jug, and some measuring cylinders.	izinsizakusebenza	Izinto ozisebenzisa uma wenza umsebenzi othile. Isb. Ungasebenzisa ujeke uma ufuna ukuthola ukuthi umthamo wokuthile ungakanani, ubuye usebenzise izinto zokukala.																								
appropriate symbols	The symbols which are the right ones for the given question. E.g. If the question says “add 23 to 45” the appropriate symbol is an addition symbol “+”.	izimpawu ezifanele	Izimpawu ezifanele kumbuzo othile. Isb. Uma umbuzo uthi “hlanganisa ama-23 nama-45” uphawu olufanelwe ukusetshenziswa kulesi sibalo wuphawu lokuhlanganisa “+”.																								
area	The amount of surface enclosed by the perimeter of a 2-D shape. The surface area of a 3-D object is the amount of surface that covers the object.	ubungako bendawo	Inani lendawo ethathwa umngcele womfanekiso onhlangothimbili. Ingaphandle lobungako bendawo yento enhlangothintathu liyanani lendawo ethathwa yinto.																								
arrange	To put in an order or pattern. E.g. Arrange the ribbons from longest to shortest.	hlela	Ukubeka ngokuhlelekile noma ngephethini. Isb., hlela amaribhoni kusukela kwende kakhulu kuye kwemfushane kakhulu.																								
array	A set of objects or numbers that are arranged in an order, often in rows and columns in a grid. <table border="1" data-bbox="978 1209 1161 1345"> <tr><td>1</td><td>2</td><td>3</td><td>4</td></tr> <tr><td>2</td><td>4</td><td>6</td><td>8</td></tr> <tr><td>3</td><td>6</td><td>9</td><td>12</td></tr> </table>	1	2	3	4	2	4	6	8	3	6	9	12	iqoqo	Yizinto eziningi noma izinombolo ezihlelwe ngendlela ethile enokulandelana, kuba kumarowu namakholamu kugridi ethile. <table border="1" data-bbox="1895 1209 2079 1345"> <tr><td>1</td><td>2</td><td>3</td><td>4</td></tr> <tr><td>2</td><td>4</td><td>6</td><td>8</td></tr> <tr><td>3</td><td>6</td><td>9</td><td>12</td></tr> </table>	1	2	3	4	2	4	6	8	3	6	9	12
1	2	3	4																								
2	4	6	8																								
3	6	9	12																								
1	2	3	4																								
2	4	6	8																								
3	6	9	12																								





Maths word	Explanation/diagram	Isihumusho	Incazelo/umdwabo
axes/axis	<p>The axes (axis – singular) of a graph are the vertical and horizontal lines which create a point of reference for the graph. E.g. The horizontal axis of this graph shows the colours of cars and the vertical axis shows how many of each type were counted in a survey.</p> 	e-eksisi	<p>I-eksisi yegrafu yimigqa evundlayo neyehlayo bese iba negabelo elinenombolo yokukala. Isb. I-eksisi evundlayo isikhombisa imibala yezimoto kuthi eyehlayo isikhombise ukuthi ziluhlobo luni ngayinye.</p> 
<b>Bb</b>			
back	<p>The part which is behind or at the end. E.g. Here you can see the front and the back of the giraffe. Also, if ten people are in a line, the last one is the one at the back.</p> 	ingemuva	<p>Yingxenywe engemuva noma ekugcineni. Isb. Lapha kubonakala ingaphambili nengemuva lendlulamithi. Kanti futhi, uma abantu abayi-10 bemi belandelene, osekugcineni nguye ongemuva.</p> 
backwards	<p>In the reverse of the usual way. E.g. When you count backwards the numbers get smaller: 10, 9, 8, 7, ...</p>	ukuhlehla	<p>Ukungayi phambili ngendlela ejwayelekile. Isb. Uma ubala uhlehla izinombolo ziya ngokuya zincipha: 10, 9, 8, 7, ...</p>
balance	<p>Having the same mass on either side. When there is the same mass on either side, the scale is said to balance.</p> 	ukubhalansa	<p>Ukuthola isisindo esifanayo nhlangothi zombili. Uma kunezinto ezimbili ezilinganayo ngesisindo nhlangothi zombili, isikali kuthiwa siyalingana.</p> 
balance scale	<p>A scale which is used to measure mass.</p> 	ukulingana ngesisindo	<p>Isikali esisetshenziswa ukukala isisindo.</p> 
ball shapes (spheres)	<p>A 3-dimensional (3-D) shape that is perfectly round.</p> 	okuyibhola/izimo ezisabhola	<p>Unhlangothintathu (3-D) oyindilinga egcwele.</p> 













Maths word	Explanation/diagram	Isihumusho	Incazelo/umdwabo
bar graph	<p>A graph which shows the number of things using bars.</p> <p>E.g. This bar graph shows car colours from a survey.</p> 	igrafu yezithombe	<p>Igrafu ekhombisa inombolo yezinto esebenzisa izinsika.</p> <p>Isb. Le grafu enezinsika ikhombisa izimoto ngemibala yazo.</p> 
base ten	<p>The base of a number system that involves grouping in tens.</p> <p>E.g. Our number system uses a base of ten. There are ten units in one ten, ten tens in one hundred and so on.</p>	isisekelo seshumi	<p>Isisekelo sohlelo lwezinqombolo oluhlela ukuhlela ngamaqoqo amashumi.</p> <p>Isb. Uhlelo lwethu lwezinqombolo lusebenzisa isisekelo seshumi. Kunamayunithi ayishumi eshumini linye, ishumi lamashumi ekhulwini linye – njalonzalo.</p>
bathroom scale	<p>A scale that is used to measure mass. It is put on the ground and you stand on it and then you can read your mass.</p> 	isikali sasekamelweni lokugezela	<p>Isikali esisetshezelwa ukukala isisindo. Sibekwa phansi umuntu ame phezulu kwaso bese ekwazi ukubona isisindo sakhe.</p> 
before (position)	<p>A number that is in front of another number, in the counting sequence.</p> <p>E.g. 5 comes before 6.</p>	ngaphambili (indawo)	<p>Inombolo engaphambili kwenye inombolo, uma kubalwa.</p> <p>Isb. Inombolo 5 iza ngaphambili kwenombolo 6.</p>
before (time)	<p>A time/event that comes earlier than another time.</p> <p>E.g. You eat breakfast before you come to school.</p>	ngaphambili (kwesikhathi)	<p>Isikhathi/isehlakalo esenzeka ngaphambili kwesinye.</p> <p>Isb. Udla ukudla kwasekuseni ngaphambili kokuya esikoleni.</p>
behind (position)	<p>At the back.</p> <p>E.g. The dinosaur is behind the tree.</p> 	ngemva (indawo)	<p>Kungemva.</p> <p>Isb. Isibankwakazi esesabekayo singemva kwesihlahla.</p> 







Maths word	Explanation/diagram		Isihumusho	Incazelo/umdwabo	
below (position)	Beneath, or in a lower place than. E.g. The dog is below the bird.		ngaphansi (indawo)	Ngezansi, noma indawo engaphansi kwento ethile. Isb. Inja ingezansi (ngaphansi) kwenyoni.	
between/in between (position)	A number or numbers in the middle of two numbers. E.g. 4 and 5 are between 3 and 6. 	An object can also be between two other objects. E.g. The ball is between the box and the broom. 	maphakathi (indawo)	Inombolo noma izinombolo eziphakathi kwezizimbili. Isb. Izinombolo 4 no-5 ziphakathi kwezizimbili 3 no-6. 	Nento ingaba phakathi kwezinto ezimbili. Isb. Ibhola liphakathi komshanelo nebhokisi. 
big, bigger, biggest (number)/ bigger than	When you order numbers you might use words such as big, bigger and biggest. E.g. 5 is bigger than 4. If you have the numbers 45, 46 and 47, then 47 is the biggest of those numbers.		kukhulu, kukhulu kakhudlwana, kukhulu kakhulu/ kukhulu kuna-	Uma ulandelanisa izinombolo unokuwasebenzisa amagama athi kukhulu, kukhulu kakhudlwana, kukhulu kakhulu. Isb. Inombolo 5 yinkulu kunenombolo 4. Uma unezinombolo 45, 46 no-47, ama-47 makhulu kakhulu kulezi ezinye izinombolo.	
big, bigger, biggest (shape)	Shapes come in different sizes and can be ordered according to their size. E.g. Circle 1 is big, but circle 2 is bigger and circle 3 is the biggest.		inkulu, inkulu kakhudlwana, inkulu kakhulu	Izimo zingaba nobukhulu obuhlukahlukene ziphinde zihleleke ngabo ubukhulu. Isb. Isiyingi soku-1 sincane kunazo zonke lezi ziyingi, esesi-2 sikhulu kunesoku-1 kanti esesi-3 sikhulu kakhulu.	
biggest (number)	When we write numbers in order, we will write them from the smallest to the biggest or from the biggest to the smallest. E.g. 32, 33, 34, 35, is written from the smallest to the biggest.		enkulu kunazo zonke (inombolo)	Uma sibhala izinombolo ngokulandelana sizibhala sisukele kwencane kunazo zonke siye kwenkulu kunazo zonke, noma siqale kwencane kunazo zonke sigcine ngenkulu kunazo zonke. Isb. 32, 33, 34, 35, lezi zisuka kwencane kunazo zonke ziya kwenkulu kunazo zonke.	
birthday	The day you were born. E.g. 15 February 2006.		usuku lokuzalwa	Usuku owazalwa ngalo. Isb. Mhla ziyi-15 kuNhlolanja 2006.	







Maths word	Explanation/diagram	Isihumusho	Incazelo/umdwabo
bottom	The lowest or deepest part of anything. E.g. The thick book is at the bottom of the pile. 	ingaphansi	Yingxenywe esezansi kakhulu yento ethile. Isb. Incwadi enkulu kunazo zonke yiyo engaphansi. 
box shapes (prisms)	A solid object that has six faces. 	okusabhokisi (iphrizimu)	Into ebambekayo esabhokisi enamacala ayisithupha. 
break down/ breaking down	Breaking down numbers is done when a number is broken down to two smaller numbers. E.g. $5 = 4 + 1$ or $5 = 3 + 2$ 	ukuhlahlela/ ukuhlakaza	Ukuhlahlela izinombolo kwenzeka uma inombolo yenziwa izinombolo mhlawumbe ezimbili ezincane. Isb. $5 = 4 + 1$ noma $5 = 3 + 2$ 
bridging through ten	When adding units together and the answer is bigger than ten. E.g. $8 + 7 = 15$ .	ukweqa eshumini	Kulapho sihlanganisa imivo isamba sibe yinombolo engaphezulu kweshumi. Isb. $8 + 7 = 15$ .
build up/building up	Building up numbers is when numbers are put together to make other bigger numbers. E.g. 	ukwakha	Ukwakha izinombolo kulapho izinombolo zibekwa ndawonye khona ukwenza izinombolo ezinkudlwana. Isb. 
bundle	A group of things put together. They could be tied up (for example with string). In the drawing you can see one bundle of 10 sticks and 6 loose sticks which are not bundled. 	inyanda	Iqoqo lezinto ezindawonye. Kungaba yizinto eziboshiwe (isibonelo sezinti). Emdwebeni kubonakala inyanda yezinti ezi-10 kanye neziyi-6 ezingaboshiwe. 
buy	Hand over money to pay for goods.	thenga	Nikeza imali ukukhokhela impahla ethile.

Maths word	Explanation/diagram	Isihumusho	Incazelo/umdwebu
<b>Cc</b>			
calculate	Find the answer. Work out the solution.	bala	Thola impendulo. Sebenza ukuze kutholakale isixazululo.
calculation	Mathematical working with numbers.	ukubala	Ukusebenza ngezinombolo ngokwezibalo.
calculation strategies	Mathematical working can be done in different ways – these are called strategies. E.g. To add numbers together you could calculate the answer by counting all the numbers, using doubling, writing out the numbers in columns and adding the tens and units, etc.	amasu okubala	Ukusebenza ngezinombolo ngokwezibalo kwenzeka ngezindlela ezahlukahlukene – lokhu kubizwa ngamasu. Isb. Ukuhlanganisa izinombolo ndawonye bese uthola impendulo ulandela zonke izinombolo, ukuphinda kabili, ukubhala izinombolo kumakholamu kanye nokuhlanganisa amashumi nemivo, njl.
calendar	A table showing the year broken up into months, weeks and days.	ikhelenda	Ithebula elikhombisa ukuhlukaniswa konyaka ngezinyanga, ngamasonto kanye nangezinsuku.
calibrated	Marked so that correct values can be determined. E.g. The measuring scale is calibrated in kilograms and grams.	kunikwe izimpawu	Kufakwe izimpawu ukuze kube khona okugqamayo ngazo. Isb. Isikali sinezimpawu zamagramu namakhilogramu.
calibrated line	A calibrated number line is a straight line with numbers placed at equal distances along its length. For example, this number line is calibrated in ones but only the tens are labelled. 	imigqa ebekwe ngokulingana	Inkabamudwayezinombolo ezilinganayo umugqa oqondile onezinombolo ezibekwe ebangeni elilinganayo ngobude bazo. Ngokwesibonelo, lenkabamudwayezinombolo yehlukaniswa ngokungakunye kodwa kwalebulwa kuphela amashumi. 
calibration lines	A scale is marked with little lines that are called calibrations. This bathroom scale has calibrations in kilograms. 	imigqa engamazenga	Isikali sifakwe izimpawu ezibizwa ngamagabelo. Lesi sikali sasekamelweni lokugeza sifakwe amagabelo emakhilogramu. 




Maths word	Explanation/diagram	Isihumusho	Incazelo/umdwabo
capacity	The amount a container can hold when it is full. E.g. This container is filled to its capacity. 	umthamo	Inani elingaphathwa yisiqukathi uma sigcwele. Isb. Lesi siqukathi sigcwele swi. 
categories (data)	To arrange data you use categories. The categories give some of the different types into which the data can be sorted. E.g. Cars come in different colours. You can group cars by their colour, then the car colours form categories, such as red, green, white and blue.	amaqoqo (imininingwane)	Ukuhlela imininingwane ngamaqoqo afanele. Amaqoqo abeka ndawonye izinhlobo ezahlukene ukuze kuhleleke kahle imininingwane ethile. Isb. Izimoto zingahlelwa ngemibala. Ungazihlela ngemibala, uhlele imibala yazo ngokwezinhlobo zayo, njengokuthi ezibomvu, ezisatshani, ezimhlophe nezisasibhakabhaka.
centimetre	A metric unit used to measure length. A ruler is usually marked in centimetres (cm). 100 cm = 1 metre (m)	isentimitha	Isilinganiso somuvo (iyunithi) sisetshenziswa ukukala ubude. Irula livame ukubhalwa amasentimitha (cm). 100 cm = 1 imitha (m).
cents (and rands)	Money values used in South Africa. 	amasenti (namarandi)	Amanani emali esetshenziswa eNingizimu Afrika. 
change (money)	When you pay for something and you give more money than is needed, you get some money back. This money you get back is called change. E.g. You give a shop keeper R10,00 to pay for a pen that costs R2,50. The shop keeper will give you R7,50 change.	ushintshi (wemali)	Uma ukhokha ngemali engaphezu kwedingekayo, uthola imali ebuyela kuwe. Le-mali oyithola ibuyiswa ibizwa ngokuthi wushintshi. Isb. Unika umninitolo i-R10,00 ukhokhela ipeni elibiza ama-R2,50. Umninitolo uzokubuyisela ama-R7,50 njengoshintshi.
check (calculation)	When you re-do a calculation using the same or a different method, you check it to see if it is correct.	hlola (isibalo)	Uma uphinda ubala ukuze uthole impendulo efanayo uqiniseke ukuthi ayikho enye engaphikisa le.
circle	A 2-dimensional (2-D) shape that is perfectly round. 	indilinga	Unhlangothi-mbili (2-D) oyimbulunga ngokugcwele. 





Maths word	Explanation/diagram	Isihumusho	Incazelo/umdwabo
clock face	The front of a clock which you read when you tell the time. E.g. This is an analogue clock face.	ubuso bewashi	Ingaphambili lewashi olibuka bese ukwazi ukusho isikhathi. Isb. Lobu ubuso bewashi elinezinti.
coins and notes	The money that we use to pay for goods or services comes in coins and notes. E.g. <div style="display: flex; justify-content: space-around;"> <div style="text-align: center;"> <p>Coins</p>  </div> <div style="text-align: center;"> <p>Notes</p>  </div> </div>	uhlweza nemali yamaphepha	Imali esiyisebenzisela ukuthenga izinto ewuhlweza nengamaphepha. Isb. <div style="display: flex; justify-content: space-around;"> <div style="text-align: center;"> <p>Uhlweza</p>  </div> <div style="text-align: center;"> <p>Engamaphepha</p>  </div> </div>
collect	Put things together. E.g. I collect the cups after the party. I collect 5c coins to give to charity.	qoqa	Ukubeka izinto ndawonye. Isb. Ngiquqa izinkomishi emva kwedili. Ngiquqa imali.
collection	A group of things that have been put together. E.g. I have a collection of marbles.	iqoqo	Izinto eziquqelwe ndawonye. Isb. Ngineqoqo lezimabule.
colour (red, blue, green, yellow)	The shade of things that we see. Red – e.g. blood is red. Blue – e.g. the sky is blue on a sunny day. Green – e.g. fresh grass and the leaves of trees are green. Yellow – e.g. butter is yellow; ripe lemons are yellow.	umbala (bomvu, luhlaza okwesibhaka-bhaka, luhlaza okotshani, phuzi)	Ithunzi lezinto esizibonayo. Bomvu – isb. Igazi libomvu. Luhlaza okwesibhakabhaka – isb. Isibhakabhaka siluhlaza okwesibhakabhaka uma libalele. Luhlaza okotshani – isb. Utshani obusha bunamakhasi aluhlaza okotshani. Phuzi –isb. Ibhotele liphuzi, ulamula ovuthiwe unombala wephuzi.





Maths word	Explanation/diagram	Isihumusho	Incazelo/umdwabo																								
column (and row)	A set of objects or numbers can be arranged in order, often in rows and columns in a grid/array. The rows go across from left to right in the grid. The columns go from top to bottom in the grid. E.g. The first row has the numbers 1, 2, 3, 4 in it. The second column has the numbers 2, 4, 6 in it.	ikholamu (irowu)	Isethi yezinto noma izinombolo ezihlelwe ngokulandelana, zivame ukuba kumarowu namakholamu anegridi. Amarowu ayavundla asuke kwesokunxele aye kwesokudla, kuthi amakholamu asuke enhla ehle abheke ezansi. Isb. Uhla lokuqala lunezinombolo 1, 2, 3, 4. Uhla lwesibili lunezinombolo 2, 4, 6.																								
	<table border="1"> <tr><td>1</td><td>2</td><td>3</td><td>4</td></tr> <tr><td>2</td><td>4</td><td>6</td><td>8</td></tr> <tr><td>3</td><td>6</td><td>9</td><td>12</td></tr> </table>	1	2	3	4	2	4	6	8	3	6	9	12		<table border="1"> <tr><td>1</td><td>2</td><td>3</td><td>4</td></tr> <tr><td>2</td><td>4</td><td>6</td><td>8</td></tr> <tr><td>3</td><td>6</td><td>9</td><td>12</td></tr> </table>	1	2	3	4	2	4	6	8	3	6	9	12
1	2	3	4																								
2	4	6	8																								
3	6	9	12																								
1	2	3	4																								
2	4	6	8																								
3	6	9	12																								
combination	Things which are put together to make something. E.g. The combination of 10 and 5 makes the number 15.	inhlanganisela	Izinto ezibekwe ndawonye ukwakha okuthile. Isb. Inhlanganisela yoku-10 noku-5 kwenza inombolo eyi-15.																								
combine	Put things together.	xuba	Ukufaka izinto ndawonye.																								
compare	To look for similarities or differences. E.g. You can compare the sizes of numbers. 4 is smaller than 5. 96 is bigger than 92. 85 is equal to 85. 9 is greater than 4. 4 is less than 9. 10 is the same as $2 \times 5$ . You can also compare the sizes of shapes. (See big/bigger etc.)	qhathanisa	Ukufuna izinto ezenza kufane noma kungafani. Isb. Ungaqhathanisa ubukhulu bezinombolo. U-4 mncane kuno-5. U-96 mkhulu kuno-92. U-85 ulingana no-85. U-9 mkhulu kuno-4. U-4 mncane kuno-9. I-10 lilingana no- $2 \times 5$ . Ungaphinda uqhathanise ubukhulu bezinto kanye nezimo. (Bheka kukhulu kakhudlwana, kukhulu kakhulu, njll.)																								
compass directions	The compass directions North, South, East and West are used when you need to find position and direction.	ikhampasi	Ikhampasi ikhombisa iNyakatho, iNingizimu, iMpumalanga kanye neNtshonalanga, kanti isetshenziswa njengenkombandlela.																								
																											
cone	A geometric shape with a round base and a curved surface that tapers to a point.	ikhoni	Isimo eziyisiyingi ezansi bese siba nobuso obugobile.																								
																											
container	An object that can be used for holding things.	isitsha	Into engasetshenziselwa ukuphatha izinto.																								
																											





Maths word	Explanation/diagram	Isihumusho	Incazelo/umdwebho
convert	To change. E.g. You can convert a number from one form to another. $\frac{1}{2} = 0,5$	ukuguqula	Ukuguqula okuthile. Isb. Ungaguqula inombolo usuke esimeni sayo esithile uye kwesinye. $\frac{1}{2} = 0,5$
copy (a pattern)	Something that looks exactly like another thing is a copy of that other thing. E.g. This pattern is made by drawing 6 repeated copies of three circles – white, black, white. 	ikhophi (iphethini)	Into efana ncmishi nenye kuthiwa yikhophi yaleyo nto efana nayo. Isb. Leli phethini lakhiwe ngokudwebha iziyingi eziphindiwe ezi-6 – emhlophe, emnyama, emhlophe. 
cost	The amount you have to pay for things you want to buy. E.g. If one chocolate costs R5,00 then two chocolates will cost R10,00.	inani	Inani okumele ulikhokhe ngezinto ozithengayo. Isb. Isb. Uma ushokoleli ubiza ama-R5,00 oshokoleli ababili babiza i-R10,00.
count	Say numbers in the correct numerical order.	bala	Bala usho amanani ngokokulandelana kwawo.
counting back	Counting back means counting down (backwards) from a given number. To subtract you can count back from the bigger number to the smaller number. E.g. $18 - 5 = 13$ . Count back: 18 ... 17, 16, 15, 14, 13. 	ukubala uhlehle	Ukubala uhlehle kusho ukubala uye phansi (uye emuva) usukele enombolweni oyinikiwe. Uma ususa ubala usukele enombolweni enkulu uye kwencane. Isb. $18 - 5 = 13$ . Bala uhlehle: 18 ... 17, 16, 15, 14, 13. 
counting in 10s, 50s, 100s	When you count in groups from a given number. E.g. Count in 10s from 15: 15, 25, 35, 45, 55, 65. Count in 50s to 200: 50, 100, 150, 200.	ukubala ngama-10, 50,100	Uma ubala ngamaqoqo usukela enombolweni onikezwe yona. Isb. Bala ngama-10 usuke e-15: 15, 25, 35, 45, 55, 65. Bala ngama-50 usukele ema-50 uye ema-200: 50, 100, 150, 200.
counting on	Counting on means counting forwards from a given number. To add you can count on. Usually you count on from the bigger number. E.g. $13 + 2 = 15$ . Count on: 13 ... 14, 15. 	ukuqhubeka ubale	Ukubala uqhubeka kusho ukubala uye phambili usuke enombolweni oyinikiwe. Uma uhlanganisa ufana nomuntu obala aqhubeka. Ngokujwayelekile ubala usuke enombolweni enkulu. Isb. $13 + 2 = 15$ . Bala uqhubeka: 13 ... 14, 15. 













Maths word	Explanation/diagram	Isihumusho	Incazelo/umdwabo
currency	Another word for money.	uhlobo lwemali	Uma sikhuluma ngezwe sikhuluma ngento enohlobo oluthile lwemali engafani neyamanye amazwe ngokwemali yokuthenga.
curved (round) sides/edges	A side that is not straight. E.g. A circle has a curved edge.		kugobile (yisiyingi) ngokwezi-nhlangothi Uhlangothi olungaqondile. Isb. Isiyingi sinonqenqemandilingi ongaqondile.
curved (see round)	Curves are not straight.		kugobile Ukugoba kusho ukungabi ngokuqondile.
curved surface	A curved surface is rounded. A shape can roll on a curved surface. See roll/slide.		iphansi eligobile Into egobile iyaba yindilinga. Isimo siyagingqika uma sisentweni eyindilinga. Bheka ukugingqika, ukushelela.
cylinder	A figure that is shaped like a can. It has two flat circular faces (sides) and one curved surface.		isilinda Yisakhiwo esakheke njengekani. Sinezinhlangothi (izingxanye) ezimbili ezendlekele kanye nolulodwa olugobile.
<b>Dd</b>			
data	A collection of facts, such as values or measurements. E.g. Information about the heights of the learners in your class, the numbers of different coloured cars in the school yard, and so on.	ulwazingqangi	Amaqiniso abekwe ndawonye, afana nemiphumela ethile, izikali, imibala yezimoto, izicathulo nawosayizi bazo, njll.
day/week	A period of time that is 24 hours long. There are 7 days in a week. The names of the days are Monday, Tuesday, Wednesday, Thursday, Friday, Saturday and Sunday.	usuku/isonto	Yisikhathi esikalwa ngamahora angama-24. Kunezinsuku eziyi-7 esontweni elilodwa. Amagama ezinsuku uMsombuluko, uLwesibili, uLwesithathu, uLwesine, uLwesihlanu, uMgqibelo kanye neSonto.
days of the week	Sunday, Monday, Tuesday, Wednesday, Thursday, Friday and Saturday.	izinsuku zesonto	Isonto, uMsombuluko, uLwesibili, uLwesithathu, uLwesine, uLwesihlanu, noMgqibelo.
decompose	A technique that allows numbers to be split and recombined (put together) to make calculations easier. E.g. $49 + 18$ $= 49 + 1 + 17$ (decompose 18 into $17 + 1$ ) $= 50 + 17$ $= 67$	ukuhlakaza	Isu lokuvumela izinombolo zihlukaniswe noma zihlanganiswe (ndawonye) ukwenza ukuthi ukubala kube lula. Isb. $49 + 18$ $= 49 + 1 + 17$ (hlakaza u-18 abe ngu- $17 + 1$ ) $= 50 + 17$ $= 67$











Maths word	Explanation/diagram	Isihumusho	Incazelo/umdwebo
decrease	Make smaller or less.	nciphisa	Yenza kube kuncane.
demarcations	The labels on a scale that you use to read a measurement. E.g. This ruler has centimetre demarcations. It also has smaller demarcations which are called millimetres. 	imingcele	Amalebuli esikali owasebenzisa ukufunda okukaliwe. Isb. Leli rula linamazenga alingene amasentimitha. Nawo anemingcele ebizwa ngamamilimitha. 
denominator	The bottom number in a fraction numeral which is written using symbols. E.g. $\frac{3}{4}$ (in this fraction 4 is the denominator).	inombolophansi eqhezwini	Inombolo engaphansi eqhezwini lwenombolo ebhalwa ngokusebenzisa izimpawu. Isb. $\frac{3}{4}$ (kulolu qhezu u-4 uyinombolophansi eqhezwini).
describe (a pattern)	To tell or write about a pattern to explain how the pattern is made up. E.g. 3, 5, 7, 9, ... This pattern is made by starting at 3 and then adding 2 every time to get to the next number in the pattern.	chaza (iphethini)	Ukusho iphethini noma ukubhala ngalo ukuze kuchazwe ukuthi lakheke kanjani. Isb. 3, 5, 7, 9, ... leli phethini lakhiwe ngokuqala ngo-3 bese kwengezwa oku-2 njalo nje kuze kufikwe endaweni elandelayo ephethinini.
diagrammatic form	Something which is given in a drawing form. E.g. You can give fractions in diagrammatic form in circles or many other shapes. These are some different diagrammatic forms: 	umdwebo	Yinto ewumdwebo. Isb. Ungadweba amaqhezu abe wumdwebo oyisiyingi noma ongesinye isimo. Lezi ngezinye zezinhlobo ezahlukeni zemidwebo. 
difference (subtraction)	The answer found when subtracting two numbers. E.g. The difference between 10 and 7 is 3.	umehluko (ukususa)	Impendulo etholakalayo lapho wehlukanisa izinombolo ezimbili. Isb. Umehluko phakathi kwe-10 nesi-7 uba oku-3.
difference in time	The amount of time between two given times.	umahluko wesikhathi	Isikhathi esikhona phakathi kwezinto ezimbili ezinikeziwe.
different	Things that are not the same.	kwehlukene	Izinto ezingafani.
2-digit/3-digit	A digit is a symbol used to show a number. E.g. 25 is a 2-digit number. 356 is a 3-digit number.	izinombolo ezingambili/ ezingantathu	Idijithi wuphawu olusetshenziselwa ukumela inombolo. Isb. 25 yinombolo enamadijithi ama-2. Ama-356 anamadijithi ama-3.

Maths word	Explanation/diagram	Isihumusho	Incazelo/umdwabo
digit	A digit is a symbol that is used to represent the numbers 1-9 and 0. The digits we use are 0, 1, 2, 3, 4, 5, 6, 7, 8 and 9. E.g. 49 is made up of 2 digits, namely, 4 and 9. 205 is made up of 3 digits, namely, 2, 0 and 5.	idijithi	Idijithi wuphawu olusetshenziselwa ukumela izinombolo 1-9 kanye ne-0. Amadijithi esiyaye siwasebenzise yilawa: 0, 1, 2, 3, 4, 5, 6, 7, 8 no-9. Isb. Ama-49 akhiwe ngamadijithi ama-2, abizwa ngokuthi, 4 no-9. Ama-205 akhiwe ngamadijithi ama-3 abizwa ngokuthi, 2, 0 no-5.
digital clock	A clock using numbers, not hands to tell the time. 	iwashi elicwayizayo	Iwashi elisebenzisa izinombolo, hhayi izinti uma likhombisa isikhathi. 
direction	The line along which anything moves, points or lies. E.g. When you write in your book, the direction in which you write is from left to right.	inkomba	Umugqa ongalandelwa yinoma yini ehambayo. Isb. Uma ubhala encwadini yakho usuka kwesokunxele uye kwesokudla.
distance	The length between two points. If you measure a distance you find out how far it is from one point to another.	ibanga	Ubude obuphakathi kwezinto ezimbili. Uma ukala ibanga usuke uthola ukuthi into ikude nenye kangakanani.
distributive property	When a number which is broken down is multiplied/divided by another number you must multiply/divide both parts of the broken down number. This is applying the distributive property. E.g. $(30 + 4) \div 3$ $= (30 \div 3) + (4 \div 3)$ $= 10 + 1 \text{ rem } 1$ $= 11 \text{ rem } 1$	aba izinto	Uma inombolo ehla kaziwe iphindwa/ihlukaniswa ngenye inombolo, kumele uphindaphinde izingxenye zombili ezihlakaziwe zenombolo. Lokhu ukusebenzisa indlela yokwaba. Isb. $(30 + 4) \div 3$ $= (30 \div 3) + (4 \div 3)$ $= 10 + 1 \text{ kusala } 1$ $= 11 \text{ kusala } 1$
divide/dividing/ division	The operation that involves sharing or grouping numbers. E.g. $8 \div 2 = 4$	ukuhlukanisa	Uphawu olubandakanya ukwabelana noma ukwakhe amaqoqo ezinombolo. Isb. $8 \div 2 = 4$
double/doubles	When a number is twice as much as another number it is called the double of the other number. E.g. 14 is double 7.	phinda kabili	Lokhu kusho ukuhlanganisa inombolo nenye elingana nayo futhi, noma ukubeka inani elifanayo kabili. Isb. I-14 lilingana nesi-7 esiphindwe kabili.
doubling	Multiplying by 2.	ukuphinda kabili	Ukuphinda ka-2.
down	The opposite of up. E.g. I put the cup down on the table. This arrow is pointing down. 	phansi	Igama eliphikisa ukuba phezulu. Isb. Ngibeke inkomishi phansi etafuleni. Lo mcibisholo ubheke phansi. 

Maths word	Explanation/diagram	Isihumusho	Incazelo/umdwabo
dozen	There are 12 items in a dozen. E.g. 2 dozen eggs = 24 eggs.	idazini	Kunezinto eyi-12 kwidazini. Isb. 2 wamadazini amaqanda = 24.
<b>Ee</b>			
early	Near to the beginning. E.g. Early in the morning the birds like to sing.	ngaphambi kwesi-khathi esinqunyiwe	Ngasekuqaleni. Isb. Izinyoni zithanda ukucula ekuseni kakhulu.
eighth/eighths	A fraction that is made by finding eight equal-sized parts of the whole. E.g. 	okwesishiya-galombili	Iqhezu elenziwa okukodwa kokuyisishiyagalombili kanti okuphelele kuyizingcezu eziyisishiyagalombili. Isb. 
empty	Holding or containing nothing.	akunalutho	Ukungabi nalutho oluqukethwe.
			
equal/equal to	Having the same amount or value. E.g. $10 = 10$ $3 \text{ kg} = 3 \text{ kg}$ $3 + 4 = 7$ $6 = 8 - 2$	ukulingana/ kulingana	Ukuba nesikhundla esilingene. Isb. $10 = 10$ $3 \text{ kg} = 3 \text{ kg}$ $3 + 4 = 7$ $6 = 8 - 2$
equal sharing	When you share by giving the same amount to each person. E.g. Each child gets three sweets.	kuyalingana/ ukwahlukanisa	Kusho ukwahlukanisa izinto bonke abahlukaniselwayo bathole izinto ezilinganayo. Isb. Umntwana ngamunye uthola amaswidi amathathu.
equally	In equal parts. E.g. If you share 10 sweets equally between 2 friends, each should get 5 sweets.	ngokulingana	Kuyizingxenye ezilinganayo. Isb. Uma uhlukanisela abangane aba-2 amaswidi a-10 ngokulingana, emunye uthola amaswidi ama-5.
equidistant	The same distance apart. E.g. The numbers 5 and 9 are equidistant from the number 7 (they are both 2 away from 7).	ukweqa inani elilinganayo	Umehluko oyibanga elilinganayo. Isb. Izinombole 5 kanye ne-9 zeqa inani elilinganayo kusukela enombolweni 7 (zombili zino-2 kusukela ku-7).
equivalent fractions	Equivalent fractions are fractions which have the same value. E.g. One half is equivalent to two quarters.	iqhezu elilingana	Iqhezu elilingana namaqhezu alinganayo. Isb. Uhhafu ulingana namakota amabili.







Maths word	Explanation/diagram	Isihumusho	Incazelo/umdwabo		
estimate	An "educated guess" not just a wild guess. E.g. Rounded numbers are sometimes used as estimates in order to do an approximate or rough calculation. $39 + 39 \approx 40 + 40 = 80$	qagela/ hlawumbisela	Ukuqagela "okukhombisa ukuba nemfundo phakathi", okungekhona nje ukuqagela noma kanjani. Isb. Izinombolo ezisondezelwe zivame ukusetshenziswa ekuqageleni ukuze kubalwe masinyane. $39 + 39 \approx 40 + 40 = 80$		
evening	The end part of the day, towards the night. It starts at around sunset.	ebusuku	Ngasekupheleni kosuku, usuku uma lusondela ebusuku. Lesi sikhathi siqala uma kushona ilanga.		
even numbers	Numbers that are divisible by 2. E.g. 2, 4, 6, 8, 10, 12, ... are the even numbers.	izinombolo ezingelona	Izinombolo ezihlukaniseka ngoku-2. Isb. 2, 4, 6, 8, 10, 12, ... lezi yizinombolo ezingelona ugweje.		
expanded notation	When you write out a number by breaking it down, you write it using expanded notation. E.g. 197 in expanded notation is $100 + 90 + 7$ .	indlela ende	Uma ubhala inombolo ngokuyihlakaza ubhala indlela eyelulayo. Isb. I-197 ngendlela eyelulayo ithi $100 + 90 + 7$ .		
explain	When you say how something works. To make it clear (in detail) how something works. To make the meaning of something clear or understandable.	chaza	Ukuchaza ukuthi into isebenza kanjani. Ukucacisa ngokugcwele ukuthi into isebenza kanjani. Ukuveza incazelo ukuze into yaziwe kangcono.		
extend (a pattern)	To add terms to a given pattern. To do this you need to find the rule for the pattern. E.g. Extend the pattern by giving the next 3 terms in the pattern: 4, 9, 14, ... Rule: Add 5 each time to get the next term. Extended pattern: 4, 9, 14, 19, 24, 29 ...	nweba (iphethini)	Ukwengeza iphethini. Kumele uthole umthetho olandelwe ukuze ukwazi ukwenza ukunweba ngale ndlela. Isb. Nweba iphethini ngokunikeza amanye amabanga alo ama-3 kulo lelo phethini: 4, 9, 14, ... Umthetho: Nweba ngoku-5 njalo nje ukuze ufinyelele ebangeni elilandelayo. Nweba leli phethini: 4, 9, 14, 19, 24, 29 ...		
<b>Ff</b>					
face	The flat surface of a 3-D shape. E.g. You can see three of the faces of this prism (box shape).		ubuso	Uhlangothi oluyisicaba lwesimo sikanhlangothintathu. Isb. Ungakwazi ukubona izinhlangothi ezintathu eziyisicaba zesimo esiyibhokisi.	
family fact	A collection of related addition facts made from the same numbers.	mayelana nomndeni	Iqoqo lamaqiniso ahlobene akhiwe ngezinombolo ezifanayo.		
fast/faster	Goes quickly. E.g. The car goes fast. It goes faster than I can walk.	ijubane/isivinini	Kuhamba ngesivinini. Isb. Imoto ihamba ngesivinini. Ayifani nokuhamba ngezinyawo.		
few	Not many. A small number.	kumbalwa	Akukuningi.		







Maths word	Explanation/diagram	Isihumusho	Incazelo/umdwbo
fewer than	Less than, smaller in number. Use for counting objects. E.g. There are fewer dogs than cats.	kumbalwa kuna-	Kuncane kuno-, yinombolo encane. Kusetshenziselwa ukubala izinto. Isb. Kunezinja ezincane kunamakati.
fewest	The smallest in number.	kumbalwa kakhulu	Kuyinani eliphansi kunawo wonke.
fifth/fifths	A fraction that is made by finding five equal sized parts of the whole. E.g. 	okukodwa kokuhlanu	Iqhezu elilodwa kwamahlanu alinganayo enza okuphelele uma ebekwe wonke ndawonye. Isb. 
finger width	The width of your finger, used to measure length/thickness of something else. E.g. This stem is about one finger width in thickness. 	ububanzi bomunwe	Ububanzi bomunwe, busetshenziselwa ukukala ubude/ubungako bento enye. Isb. Lesi siqu sithi masilingane nobubanzi bomunwe ngobungako. 
first, second, third, fourth, etc.	Numbers that give a position in a sequence. See ordinal numbers.	okokuqala, okwesibili, okwesithathu, okwesine, njll	Izinombolo ezinikeza izikhundla umqondo wokulandelana. Bheka izinombolo ezichaza ukuthi okwesingaki.
fives	When things or objects come in groups of five. E.g.  We can count: 5, 10, 15. We can say: 3 groups of 5 or $5 + 5 + 5$ or $3 \times 5$ .	ngakuhlanu	Lapho izinto zilethwa ngamaqoqo angakuhlanu. Isb.  Singabala nga-5, nga-10, nga-15. Kulokhu sithi: amaqoqo ama-3 ezinto ezihamba nga-5 noma nga-5 + 5 + 5 noma $3 \times 5$ .
flat	Something which is not curved. A 3-D object can have flat sides (faces). E.g. The faces (sides) of this cube are all flat. 	kuyisicaba	Okuthile okungagobile. Unhlangothintathu angaba nezinhlangothi eziyisicaba. Isb. Izinhlangothi zaleli bhokisi ziyisicaba zonke. 
flat surface	A flat surface can rest on a table and not roll. A shape can slide on a flat surface. See slide/roll.	iphansi eliyisicaba	Into eyisicaba iyakwazi ukuhlala etafuleni ingagingqiki. Isimo siyakwazi ukushelela endaweni eyisicaba. Bheka shelela/gingqika.









Maths word	Explanation/diagram	Isihumusho	Incazelo/umdwabo
foot lengths	The length of your foot, used to measure length of something else. E.g. Mark the number of foot lengths, from heel to toe. 	ubude bezinyawo	Ubude bonyawo busetshenziselwa ukukala ubude bento enye. Isb. Kala inombolo yobude bezinyawo usuka esithendeni uya kubhozo. 
formal unit	An accepted standard unit used when you measure. E.g. A kilogram is a formal unit for measuring mass and a metre is a formal unit for measuring length.	iskikali esinezimiso	Indlela eyamukelekile esetshenziswa ukukala. Isb. Ikhilogramu yindlela eyamukelekile yokukala isisindo kanti imitha yindlela eyamukelekile yokukala ibanga.
forwards	Going towards the front. E.g. When you count forwards the numbers get bigger.	ukuya phambili	Ukukhamba uye phambili. Isb. Uma ubala uya phambili izinombolo ziyakhula.
